Isipeto SIKA Zulu

Kwakusekona uSir George Colley (owasala eMajuba ngempi leyo eKulu yokuqala yokulwa kwamaNgisi namaBhunu). Nguye owab'epenya lelo'cala. Kwakunqantshiwe ukuba lel'icala lipatwe ng'abameli, ukupela kwakutiwe makube yilowo kwabaxabeneyo abize indoda ibenye ezakumsiza nezakumluleka. Nembala uMzijani wabe elulekwa ngu Offy Shepstone, indodana yomne wabo; no Sobantu elulekwa ngu Rev. W. Tonesen weBandhla lase Church of England in Natal, nemfana wake uMagema ka Magwaza. Yangena kona endhlunkulu (Government House). Yatetwa isikati esikulwana. Kwati ukugcina yaweliswa yayiswa pesheya. Emva kwaloko yanqunywa ngokungakanyi kahle. Bati laba abamangalelene babuyiselwa kwaba yilowo £50. Linye zwi izwi elapuma endun'enkulu uLord Carnavon, lokuti: Akukuhle ukuba kufenyiswe umBuso wamaNgisi ngokwenza ubuqili pambi kwabantu bezizwe.

Lapela ke lelo'cala elikulu kakulu. Lalibutanelwe izwe lonke lakwa Sitole, bonke ababekona nhla kudutshuiwa uMatshana, bezekufakaza kulendaba. Kepa, kwati nonxa isipelile, akubanga kusaba kona ukuhlangana pakati kuka Sobantu noMzijani. kwahlala ukuhlangezwani njalo kubo bobabili. Njengokuba nangapambili kwakungeko ukuzwana kubo okunjengokuba kwakukona kuSomtseu noSobantu.

Kwakute ngo 1864 (inxa ngingaposisi) kwafika umBishop Gray wase Cape Town, epelezelwa yindodakazi yake, esepuma eEngiand (esemshiya kona uSobantu); wafika ehamba noMzijani, owabe emhumushela. Wafika wangena eSt. John's Chapel, Ekukanyeni, washumayeza abantu, ebatshena ukuti uSobantu udukile.

INHLOKO XXI.

Nanso-ke indaba eyabanga ukuba kubekona abameli abaningi kangaka, lapo eNatal-indaba yokutetwa kwecala jika Langalibalele—okwati uba uSir Benjamin Pine aliteta aligcine, uSobantu wab'es'eqube awake amazwi esola ukutetwa kwecala. At'uba afike lawamazwi ezinsolo zika Sobantu, afike atshaya emhloleni ezindhlebeni nasezinhliziyweni zamakosi ase Nkilande, akuzwa kwaba kubi loko, ukuba ahle ati umuntu ejeziswa ngecala elikulu kangako, ancintshwe umbuzeli, ozakumbuzela ecaleni elingako elimbulalayo. Ute es'eqala ekuluma kaloku esenxusa kuye uHulumeni (Sir B. Pine), eti makube kona ummeli, wabe es'evuma. Nango ke uSobantu es'ebuza ku Mr. Goodricke, ummeli omkulu owab'eseTekwini, ukuti angabizani inxa ezakumela uLangalibalele kulelicala. Wati ke uMr. Goodricke angabiza £120.

Kwasokuba njalo, weza uMr. Goodricke emGu'ndhlovu, esezokuteta lelo'cala, ehamba nendodana yake. Uzwani ke: Latetwa icala kwa njalo. Kwatiwa napezu Kwalawo'kazwi ommeli okubuzela uLangalibalele, wadhlula uHulumeni wavimba izindhlebe, waqinisa ngawo amazwi okumjezisa kwake. Wabotshwa-ke uMpuhlane onga'mpondo zamatole. Isigoloza esibuk'umuntu singa simjamele. Wat'u ba ahluleke uSobantu kuloko'kuzama kwake, wehla waya el'ekwini, lapa wabe es'ebotshelwe kona uLangalibalele; waya kutabata kuye onke amazwi emlonyeni wake okwokuba asezakwenza isicelo (Petition) sokumcelela umusa kwomKulu.

Kwat'uba awalobe onke amazwi ka Langalibalele awati swaca; wakupuka waya kungenisa icala. Elangena izinsuku ezitile endhlunkulu (Government House), pambi kuka Hulumeni nompakati wake wezinduna (Governor in Council). Litetwe latetwa, lagcina ngokumlahla njalo uLangalibalele. Kwati ukugcina uSobantu walingenisa eSupreme Court, es'ememe uMr. John Bell Moodie ukuba amele lelo'cala lokugcina. Kona lapo ladhlula lamlahla njalo emaJajini akwaKoto.

Kute uba limlahle lapo, watukutela wacinywa ngamanzi kuloku umfo ka Colenso omude, Indhlondhlo yas'Ekukanyeni emehlo'mane, uMapilipili unjengezulu lihloma, O'ndaba zitshetsh'ukufika pesheya, Inkosi yokutula, uSokululeka. Kunjalo njalo ua'ewelile uSomtseu waya pesheya, eyakukulumela abelungu no Hulumeni was'eNatal. Kwaba njalo ke; kwanela ukuba ku dhlule amasontwana nezinsukwana ezitile, wangena naye uSobantu walandela yena uSomtseu.

Bate uba bafinyelele endunen'enkulu, uLord Carnavon, wawucita umteto ka Sir B. Pine, wavumela uSobantu, njalo belu izwi lokuti, icala lika Langalibalele litetwe kabi, latetwa engenaye umbuzeli. Kwat'uba kuzwakale ukuti imtetile uLangalibalele kwatiwa kapindele endaweni yake, kwasokuqamuka abelungu abayikulu eTekwini, abavumelana baqinisa bonke ngezwi linye lokuti: "Uyakwanela ukuba usondele ecwebeni umkumbi otwele uLangalibalele, babhekise imilomo yezibhamu zabo bonke, bawukombe kona uLangalibalele eyakufela emkunjini engakafiki kulel'izwe las'eNatal."

Wat'uba akuzwe loko uKwini wenqena ukumbuyisa uLangalibalele; wasale eseti nje: "Makahlale kona eKipi," asuswe kodwa esiqingini sas'eRobben Island; afunelwe indhlu efanele ukuba ondhliwe kona lapo eKipi, ngokuba akufanele ukuba kuhlubuke abantu bonke ngokubulalana. Uzwani-ke Wahlala uLangalibalele eKipi, waqeda iminyaka eminingi kona, loku uze wabuyiswa engaseko uSobantu ngo 1881.

Konje angabongwa kutiweni umuntu onjengo Sobantu njena, ozwela usizi lwomunye njengokungati lwehlele yena? Bangaki bona abantu lapa emhlabeni abanenhliziyo enjengeka Sobantu njena? ehaukela ababulawelwa amaqaqa, abafa bengazilandile? Yena wati u abe nenhliziyo enjalo yesimunye yamila egazini lake; kwati nabanye abazeleyo basebeba nenhliziyo enjalo nabo! Laseliqina-ke elokuti "Njalo yapuma edumbini." Ake ubheke imizamo kaSobantu yokulwela utangalibalele neyokulwela uCetshwayo! Bheka ka Dhlwedhlwe yokulwela uCetshwayo neyokulwela uDinuzulu! Bheka futi imizamo ka Gebhuza (Mr. Francis Colenso) yokulwela uDinuzulu nokuba aze afele esigangaganyeni sayo leyo'ndaba yokuhlupeka kwezwe lakwaZulu! Konje bangaki abantu abangati bezi hlalele bezibusela bezidhlela umcaba wabo, badele uzubusela ngenxa yomuntu paqa enge'ni nabo na? Ngibuza ukuti bangaki abaqoma ukuhlupeka nokufa ngenxa yomuntu onge'zihlobo sabo? Qabo! Ngiyalandala, kako noyedwa; ukufela omunye owabe waba kona. Yena lowo owafela tina sonke esipambanweni; Owati Ekwenza konke loko wabe Ekwenzela ukuti sifundisa tina ukuba nati sifikandele. Imbala soMlandela na? Qa! ngoba kumnandi ukudhla amabele; ungekuta nde ukufela omunye umuntu ndele ukudhla amabele, ngiyapika.

Inxa mina ngikuluma isiminya esipeleleyo, ngiyambonga Opezulu Owatuma inDodana yake wati mayehle ize kiti izekusifundisa izindab'ezinhle zezwe lapezulu. Ngiyayibonga inDodana eyati mhla imuka kulo'mhlaba yatuma abeBandhla layo yati mabahambe bayekufundisa izizwe zonke ezisembhabeni ukuba ẓazi izindaba zika Baba Opezulu Ngiyambonga uQueen Victoria, inkosazana yamaNgisi enomusa owasitumela abafundisi bokuza kusifundisa izindab' ezinhle. Ngalawo mandhla kamye, namhla siyabona, siyezwa, siyesonda.

Bekuyakutokozisa kuve wonke umuntu omnyama ukuba bebezwana, bekombisana zonke izindaba ezifana nalezi esizikuluma namuhla tina osisekona ngalolu'suku lwanamhla, obaba nobabamkulu abaze bemuka bengazikulumanga—zokutshenisa nanjengaloku engikubuza kwabakiti—njengaloku ngibuza yo nje, ngiti "Sapumapi tina" bamnyama? Ukuba abakiti abangapambili kwetu babeke baku kuluma loku, angisho ukuti besiyakuba sisahlezi si'nhla kanhlaka njengaloku esiyiko. Asi'luto kambe ukwahlukana loku kwamasonto amaninginisigi. Wadedele abe maningi wona, kepa abantu besonta kuwo mabandhla babe munyo njengezizwe zonke ezingemnyama njengati sabanjengotuvi boratini bona bungahlangani nonxa umuntu es'eti uyabuhlanganisa ngokungakanani.

Ngikuluma loku nje, bakiti ngiyadabuka kakulu loku law'amazwi sengiwa kuluma kini ilanga selitshonile; kyaku ba nani konje ukuba ngangiwabenile kona pambili, ngawakuluma kuse kusasa kungakabi ntambama njengaloku nako sekuhlwile nje namphla? Kona kwakuyakuti abanye bakiti bavume ukubalela; kuti nonxa bengatandi ukuzwa baze bezwe ngokubapikelela ngoba pela isiclesele libhlula bonke abantu ngenkani yokupikelela kwalo ukuya kungena endhlini!

Ake nibone-ke bakiti, nanamhlanje basebaningi abakiti okuti ngoba ngilobe lendaba yokubuza ukuti "Sapumapi tina," asebeloku bengiciba ngezijunjubezana zemikonto, bengibuza njengokungati ngikuluma leli lizwi ngenxa yokuba ngiyisazi mina esifana nalezo okutiwa zati uba zibone inkanyezi mdhla kuzalwa INKOSI, zasezihona ukuti nembela izelwe, zahamba zaya eBethlehem lase Judia. Impendulo yami kulabo, ngiti:—

Amanga, madoda, angazi luto nami ngalendaba, ukupela ngikuluma loko nje kwabakiti kupela engikucabanga ngenhliziyo, engihlala ngikucabanga nonxa ngihlezi ngedwa, ngiti: "Konje loku obaba basizekela ukuti sehla le enyakato, sasipumapi lapa sabe sisuka kona ukuze sibe kule'ndawo, lapa sesikona namuhla—eningizimu nezwe? Inxa konje sihlangana sonke tina bandhla esifunda "Ilanga," singecabangisane size sibone njena lapa umkondo wetu wabe uqamuka ngakona na?

Wonke loncabange onjena kambe ngiwutoliswe ukuqapela kwami, lapa ngilinganisa imikuba yabantu ababeyenza engakabiko umlungu kulel'izwe. Ngite uba ngifunde imikuba yakwa Israel, ngafunyanisa ifana nalena eyabe yenziwa ngabakiti endulo engakaziwa umuntu omhlope. Njengokuba ngiyaginisa ngite ngi, ngiti: Abakwa Israele laba bati uba bahlubuke inkosi yabo—izizwe lezi ezi ishumi—bakonza ku Jeroboame abanye, kodwa abanye bapenduka uyazi luka Kofiana, baba lupoko olungena'mubuti, njengokuba ngi zwa encwadini yamakosi ukuti, bahla kazeka bonke, kwasala izizwe ezibili zwi ngaku Reoboam umzukulu ka Davide (I Amako. xii. 16-20).

Kepa nami, madoda, inxa ngiveza law'amazwi kini, angiwavezi ngoba sengikamelele ngite ngqi, ukuti, ngiyazi ngempela ukuti sahlukana mhla loko nabakiti labo; sahlukana qede sehla tina seza neno lapa.

Amanga ningatsho ukuti ngitsho njalo, bakiti, impela angitsho njalo; ngiyafuna nje, ngifuna umkondo wetu. Niyazi nani ukuti inxa kulahleke inkomo, kuye kuze kufunwe nalapo zingelukeli kona.

Ngiyabapikisa futi mina labo abakiti asebeloku bengiciba ngemikontshwana ey'izizunguboyana, boti bafuna ukungihlabela abafundisi babo. Qabo, bakiti, mina angilwi nabafundisi, ngiyababonga. Ngicela kini nonke ukuba ningicabangise ukuti "SAPUMAPI?"

Mangine,

MAGEMA M. FUZE.

Isifundo Sesikole Sesonto

ISIFUNDO XII. SEPT. 17, 1916.

IZENZO 22:17-30.

ISITATELO: AMAHUBO 91:2.

I. INSHUMAYELO KAPAULE KUBAJUDA VS. 1-21.

UPaule esevanyelwe ukukuluma wema emprikameni wabuka ubusobalentabatukuteleyo ezifundo ngabo ngesonto elidhlule; lapo bemswa ekuluma ngolimi lwesiHeberu lalelela ngokukula. Pakati kwalabo bantu kwakunggekona kupela labo abaJuda abakelwayo abaseti uPaule ufundisa izinto ezin[illegible] kwakukona abaningi abangaselwayo abakengamazi nokuPurpubazi. [illegible] ko waqala ngokubatshela ukuti [illegible] mJuda uqobo nokuti wab'efundiswe [illegible] gogodu emteiweni ngumfundisi wakwa odumileyo, uGamaliel, ewubuzile wona kakulu nokuti wawaxobisa umaKristu yaze wawabulala, vs 1-5. Wase ebafundisa ngokupenduka kwake ekuma ngalisayo nokulunye okwangenelela kwadhlula ubuewezwezwazi belanga ngezwi lika Jesu elati, "[illegible] ngixobisa [illegible] kangaki?" [illegible] lwa ngesandhla wayewangena eDamaseku, nangokufika kuye [illegible] owafika wawuka amehlo yamabele nezwi elivela kuNkulunkulu lokuti usukete uPaule ukuba abe [illegible] ke nangokuhaptizwa kwake nokugcwa kwezone zake vs. 6-16.

Wadhlula welanda ngokuhambela kwake kwokuqala eJerusalema esepandukile, nangokubondhela kwaNkosi kuye kona nokumtuma kwaye ukushumayela kwaezizwe, vs. 17-21.

II. ISIXUKU SAPINDA SAKLABALASELA UKUBA ABULAWE NOKUSINDISWA KWAKE, VS. 22-29.

AbaJuda abangakolwayo batukutela kakulu lapo bezwa uPaule ekuluma ngokutunywa ukuba ashumayeze abezizwe. Babengafuni ukucabanga ukuti abantu bezizwe abangasokile bangalingana nabo, kona'nzalo kaAbrahama. Ake nizwe ukudazuluka kwabo beti, "Msuseni kafanele ukupila!" Ake nibone sebebhekuza betuqaza uuli sesetukutelebedhl'imihlati, sebekumla nezambato zabo zangapezulu sebelungisela ukugxoba uPaule! Induna ingezwanga okade kushiwo nguPaule kwezise yab'ingalwa ziJulimi lwesiHeberu, kodwa lapo isibona ulaka lwabantu yacabanga ukuti kukulu okwenziwe nguPaule; ngako yaseiti mashaywe ngesiswebu esimafirdo ukuba amenze avume izeleleso zake.

Bate sebembopa uPaule wabuza wati, "Kungumteto yini ukushaya umRoma engalahiwe'cala na?" Induna yesalapo izwa loko yase ihuza kuPaule ukuti ungumRoma yini. Nakati uPaule wabe engumJuda kubonakala ukuba uyise kwakute ngendhlela etile wapuma emtetweni wabaJuda wangena kowaima Roma, ngako uPaule wa ezelwe ekulukiile njengoba wesho enduneni, okungukuti wab'enamalungelo esakamuzi sasekRoma kwasekuzalweni kwake.

Kwaküyicela ngomteto wamaRoma ukushaya, ngisho ukubopa umuntu oli Roma, njalo uPaule wapepa ukushaywa Induna yamema umpakati omkulu wabaJuda ukuba ublangane ngomso ukuze ibeke pambi kwabo uPaule izwe abamangaleia ngako.

Umhlane Obuhlungu.

Ungakatazeki uma umhlane wako ubuhlungu, ukungakatazeki kwako i kona okuyo'ubangela ingozi kungokufa Ukufa kwezinso akukona okubanga loku, ikunkulo, nobuhlungu bomqala nentamo. Abahlupeka amaikupi kwaiezizifo zemisipa, ngabegijimela kuma Pink Pills ka Dr. Williams, okungokuti emva kwaloko adele nokudhla ngapandhle kokuhlupeka. Ukuhlanza igazi kayenye yezinto ezipambili ekuvimbeleni ikunkulo. Imvama yemiti ayipondi ekufeni njengoba kufanele uma yenze kodwa lo okuyikona kuyikona ujonda kakona ukususe ngokutshetsha. Ikunkulo masinyane nje lamunca igazi. AmaPink Pills ka Dr. Williams ahlanza igazi uqobo kwalo kuti futi aqinise nemitambo ehamba lona. Ngalendhlela ke abaningi asebeke bahlushwa ikunkulo sebelubonile usizo kulimati.

Noma imupi umtengisi kumelwe ukuba abenawo amaPink Pills ka Dr. Williams. Uma ungawatoli tumela 3s. 3d. ibhodhlela lilinye uma eyisitupa 17s. kwa Dr. Williams Medicine Co., Long Street, Cape Town.

UMUTI ODHLULA YONKE

Aunakwenziwa umuti owedhlule umuti ka Chamberlain wokukwehlela Usiza amapapu, uwale izintunja, welekelele ukukipa izikwehlela, usize imvelo ngokubuyisela umzimba emnwem sawo sempilo. Ngapandhle kwaloku akuko okwezelisayo aunangozi lapo udhliwa. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Izas'e Koenigsberg M. S.

NGO "SIHAMEL."

Hau! Mhleli, ngati nya. Ne'ndaba genaze zangidida, nabafundi bako seba cosa'mate ngas'eK. B., laze baj bha. Zona ziningi ezinye zazo nazi:—

Sesidabukile ngomhlobo wetu lowo engake ngaxoxa ngaye ngati, uhlala kwa Maneli akamukolo; po-ke, namhla akasaeko dlaweni, utshonile ngo Newba ziu 3. Ziyatokoxisa nje [illegible] ufe esezama indhlela ka Jesu uMsindisi Wetu. Into nje eyimqubo [illegible] tatile inkosazana [illegible] ifundisa ubantwana bomfundisi. Kepa wati [illegible] wal'ekade esebuhlongo, [illegible] neze. Kut'emva [illegible] kwa neze ituba lempilo. Wahla njalo embhedani waze wemuka emhlabeni. Hau! Sikelela inkosikazi yake u Mrs. Cosock. Po! Kuseka ukuti yatshada naye kupela ukuba ile yi'Ngisi yake yokumpendulela eNkosini yake; noba [illegible]

[illegible]

[illegible] zawe yesifo [illegible] ezinye izinkunzana, ute ekuniteni kwake kwa fika isikati sake sokuba [illegible] ti samica [illegible] ba kona, wase ebeteela kona lapo.

Aungizwe shu.ingane esikoteni usobu ya eya ekaya, sekuti kuhleziwe nje, qamu inja ihambe ipete ingane layo ngomomo, isijidhle izandhla [illegible] isifile futi ingane le. Usinabe ngelesisikati kasabonwa Sekuanka uNilongonya wase Mayezeni abadele uakunda wayo inja lapa ipuma kona [illegible] ayeli nyelele esikundhleni lapa izaleiwe kona ingane, abe useya lela uyaspa, kuti lapa kuti hwelele, qamu unina wengane esefuna lapa ebeyishiye kona, wati esati gagaga wase ezitela kuse lo wase Mayezeni. Yini? pa umfazi wamba ndaza nje, waseti ke lo wase Mayezeni O! kanti uwe lona ozie ingane wayilasela na?" Yebo, kwama umfazi: Wati owase Mayezeni hambasiye ekandhla wamtata waya naye ekandhla. Ekandhla [illegible] q, kayiswe kombambhope eSlowe. Kamlatshe ulapa nje ngiti icala lilinde amajaji. Nazoke izindaba ezidabukisayo bakiti.

Izase Langkloof

(EKA F. E. MALO)

E! Mhleli! ngiyacela Baba ukuba ke ngibonge uGqanyangqa! Au! usikulele lani pela wena ngemfini yomnandelane? Ngizwa enye inkosikazi iti: "Kanti kubuye kudukelwe zibemke uma lidama, selizobadume ngibhudule."

Sidabukela labo abafikelwa ustrangeman; ngabe kunani ukuba washiya incaba yodwa, kepa noqondo!

Iyaguba i "Landhlovu" kwasho izalukazi (Langkloof); pela iguba ngesitole eyasikipa emlonyeni yamakula, ngemi nyaka emibili noma emitatu edhlule. Akumbhila—ziduli! pambili "Landhlovu!"

PEPS
FOR COUGHS
COLDS & BRONCHITIS

Isifundo SeSunday School

Isifundo XI Sept. 10, 1916.

UKUBANJWA KUKA PAULE IZEN. 21:17-40.

UHAMBO LUKA PAULE LOKUYA EJERUSALEMA vs. 1-16.

Ngamasonto amabili adhlulileyo sifunde ngamazwi okuvalisa kukaPaule swashumayela eMiletu. Wadhlula njalo ngomkumbi esuka eMiletu wayo wafika eTyre ngeshaukuziyizitupa; kwati lapa umkumbi wetula impahla uPaule nebele lake bangekisa kwabanye abafundi ababake kona. Labebafundi bakuleka uPaule nba angayi eJerusalema ngokuba ukleya abakembisa ukuti uya ufike akupele kona. Kodwa uPaule wakazi ukuti kuyintando yeNkosi ukufa ayekona. UPaule nebele lake ba [illegible]

[illegible]

Ngasifunda kulesifundo ukuti masi [illegible] ukudela abantu sikulume indaba ngoba esizizabangayonje [illegible] esizizwayo uma singenqinisa ukuba zi yisiminya. Futi masikulume indaba ngabantu nonba ziliqiniso uma kongesiko ukuti kuyimfanelo loko,

ISAZISO

[illegible] NDA SYNDICATE [illegible]

[illegible]

CHAS. L. DUBE, President.

Ziyingozana [illegible] eMangayo [illegible] kapose kungadako. Yoruba ka Chamberlain anika i seti [illegible] nje, kuti amadosisa ayingozana anike ukusinda okuniyo.

Isipiti Esesa'lekayo Sesiny[illegible]

UBUSO BAGEHULEKA KWATE KWAKAYA CITAMBO WAQULEKA EBUHLUNGU.

[illegible]

South African Native National Congress.

The Fifth Annual General Meeting of the South African Native National Congress will be held, this year, at Pietermaritzburg, Natal, on the 29th September till the 3rd October. The subjects for discussion are as follows:—

1. The Revision of the Constitution.
2. The Report of the Natives Land Commission.
3. The Question of Assistance to the Empire in relation to the war.
4. The Question of Financial Aid to the South African Native College.
5. Administration of Justice by Jury System and other important matters.
6. The Question of the Over-sea Debt.

N.B.—Notices of motion, resolutions and questions must reach the General Secretary (Box 26, Volksrust), on or before the 20th September. Also names of Delegates must be sent in before or on that date. No accommodation shall be found for Delegates whose names are not sent as aforesaid.

JOHN L. DUBE,
President.
R. V. SELOPE-THEMA,
General Secretary.

Isaziso Somkosi

Kukona indawo etengisayo iyi FREE HOLD ise Cato Ridge ngase Georgedale.

Inama eka a 126½, ieka lilinye libiza £2. 10s. Uma kukona ofuna ukuba yiteenge akabhalele ku:—

Wm. H. SHELELA,
MARIANNHILL,
PINETOWN.

UKULONDA IMALI

Kuhle niqonde nina enifisa ukulonda imali yenu ukuti lezizitshana enizite[illegible] zeluba nifake imali yenu kuzo [illegible] elihangé labantu eTekwini [illegible] Street, akuhlosiwe ukuba [illegible] kowulelwa zona eBhange mhla [illegible] laka, imali leyo niyitate nihambe [illegible]. Kuqondwe ukuba [illegible] ide niya [illegible] imali yenu ifakwe eBhange [illegible] amankonyane. Ukugcina imali inazi luto akusizi luto, ama[illegible] abantu inzalo [illegible] yato ukuyisebenzi[illegible]. N[illegible] ingasebenzi iseg ujini [illegible]. Ngako siyanelulela [illegible] keyifaka ibhalwe ezi[illegible] eBhange, imizalele. Sete[illegible] ukuti uzokubona loku nenze [illegible].

Ningayenza kalula Imali Nisekaya.

Noma ngak'tshe usebenzapi, ungadhlula utole imali ngapandhle kokutikanzeka komsebenzi wako.

Bonke abakwazi ukubhala nokufunda isiNgisi bapa eSouth Africa, abhalele uMr. A. H. TODD,
Chemist,
Red Hill, Natal.

Isaziso Somkosi

Kukona indawo etengisayo iyi [illegible] ise Mr. W. H. Brook, elis'e Mpangeni, kwa Zulu; igama lepulazi "Dover Farm." Inkokelo £1-10/ ngenyanga nokudhla okomlungu, futi onke amaSonto umuntu anikwe usheleni nosikispense (1/6) azitengele akutanlayo. Tumelani abafana kona eMpangeni, noma ku Mr. W. H. Brook, eRed Hill. Putumani kona manje!

UYATANDA UKUJIYA

Akunacala noba isimo sako ngakomali nase bukulwini, aunokujaja uma ukudhla kungahlelembeki kahle esiswini. Uma unesisu esibi ipakete lamagaqa ka Chamberlain nyakukukanda ube musha. Atengiswa yibo bonke abatengisi.

Isitolo seMiti Esineniti Emihle!

KWA FLEMING JOHNSTON.

Umkempise wabantu usevule Isitolo seMiti NGASE SITEWINI e

3 Railway Street, Durban.

MAQONDANA NESITESH I